NHLOKO HHOVISI
Office of the Public Protector
Private Bag X677
Pretoria
0001
175 Lunnon Street
Hillcrest Office Park
0083
Tel: (012) 366 7000
Fax: (012) 362 3473

EMPUMALANGA KOLONI
P.O. Box 1400
Bisho
5605
Unathi House
Independent Avenue, Bisho
Behind Pick 'n Pay
Tel: (040) 635 1286/7/
1145/1126
Fax: (040) 635 1291

EFREYISTATA
P.O. Box 383
Bloemfontein
9300
Public Protector House
82 Kellner Street
Bloemfontein
Tel: (051) 448 6172/6185
Fax: (051) 448 6070

EGAUTENG
P.O. Box 32738
Braamfontein
2017
Constitutional Hill
Women's Jail
2 Kotze Street
C/o Kotze & Joubert Streets
Johannesburg
Tel: (011) 339 3737/2047
Fax: (011) 339 2858

KWAZULU-NATAL
P.O. Box 4267
Durban
4000
22nd Floor
Suite 2114
Commercial City Building
Durban
Tel: (031) 307
5300/5250/5251 Fax:
(031)307 2424

ELIMPOPO
P.O. Box 4533
Polokwane
0700
Unit 2301, Wyndom Park
23 Rabe Street
Polokwane
Tel: (015) 295 5712
(015) 295 5699
(015) 295 5956
Fax: (015) 295 2870

Inombolo yomnxeba yamahala: 0800 11 20 40
www.publicprotector.org

EMPUMALANGA
P.O. Box 3373
Nelspruit
1200
Pinnacle Building
Suite 101
1 Parkin Street
Nelspruit
Tel: (013) 752 8543
Fax: (013) 752 7883

ENYAKATHO KOLONI
P.O. Box 1505
Kimberley
8300
4 Sydney Street
Pretmax Building
2nd & 3rd Floor
Kimberley
8300
Tel: (053) 831 7766/
8325381/2
Fax: (053) 832 3404

ENYAKATHO NTSHONALANGA
P.O. Box 512
Mafikeng
2745
Public Protector's Chambers
Cnr Martin & Robinson Streets
Mafikeng
Tel: (018) 381 1060/1/2
Fax: (018) 381 2066

ENTSHONALANGA KOLONI
P.O. Box 712
Cape Town
8000
4th Floor
51 Wale Str/Bree Str
Cape Town
Tel: (021) 423 8644
Fax: (021) 423 8708

AMAHHOVISI EZIFUNDA

GEORGE
P.O. Box 9481
George
6530
1st Floor South Wing
Bataleur Park
Cnr Cathedral & Cradock Street
George
6259
Tel: (044) 874 2887/904
Fax: (044) 874 5922

KURUMAN
P.O. Box 79
Mothibistad
8474
1 Rose Avenue
Shop 1
Kuruman
8460
Tel: (053) 712 1762 / 2347
Fax: (053) 712 2417

Inombolo yomnxeba yamahala: 0800 11 20 40
www.publicprotector.org

MABOPANE
P.O. Box 3165
Rosslyn
0200
Central House
2nd Floor, Room 334
Mabopane
Tel: (012) 702 5458/4330
Fax: (012) 702 8127

NEWCASTLE
No 58
Corner Allen and Scott Street
Newcastle
P O Box 1169
Newcastle
2940

RUSTENBURG
P.O. Box 371
Tlhabane
0309
Suite No 12
Old SARS Building
135 Klopper Street
Rustenburg
Tel: (014) 592 9023/6
Fax: (014) 592 9031

SIYABUSWA
P.O. Box 2391
Siyabuswa
0472
Old Parliament Building
Job Skosana Street
Siyabuswa
0472
Tel: (013) 973 0033/6
Fax: (013) 973 0029

UPINGTON
P.O. Box 15
Upington
8800
Umbra Building
55-59 Mark Street
Upington
8800
Tel: (054) 338 5740
Fax: (054) 331 0036

VRYBURG
P.O. Box 891
Vryburg
8000
Old Mutual Building
Market Street
Vryburg
8600
Tel: (053) 927 2221
Fax: (053) 927 2509

Inombolo yomnxeba yamahala: 0800 11 20 40
www.publicprotector.org

ZULU

PUBLIC PROTECTOR
SOUTH AFRICA

UNEZIKHALAZO NGOKU-LETHWA KWEMISEBENZI NGUHULUMENI?

UMVIKELI WOM-PHAKATHI ANGAK-WAZI UKUKUNCEDA!

Inombolo yomnxeba yamahala: 0800 11 20 40
www.publicprotector.org

Uyini umvikeli womphakathi?

Umvikeli woMphakathi noma phecelezi Ombudsman njengoba ayebizwa kanjalo ngaphambilino:

- Yisikhulu esiphezulu kakhulu
- Uzimele, akekho ngaphansi kukaHulumeni nangaphansi kwezinhlangano zombusazwe.
- Uqokwa yiphalamende ngokomthetho sisekelo
- Wemukela izikhalo eziqhamuka kubantu abangagculisekile ngeminyango kahulumeni noma izisebenzi zeminyango kaHulumeni futhi

Unamandla:

- Okuphenya.
- ukuxoxisana namalunga athintekayo odabeni ukuze kutholakale sixazululo babuyisane kubenoxolo.
- Ukuphakamisa ukuthi kungathathwa sinyathelo sini ukulungisa udaba
- Ukubhala umbiko ngokusebenza kwehhovisi nangophenyo oseluphothuliwe

Lisebenza kanjani ihhovisi lomvikeli womphakathi?

Noma ngabe ngubani angasifaka isikhalo sakhe kuMvikeli woMphakathi, oyobe esephenya isikhalo leso

Umvikeli woMphakathi ungamthatha njengonompempe okwazi ukuthatha inkinga ayibuke nhlangothi zonke. Uma kuyisikhalo esamukelekile, uMvikeli woMphakathi uzokwenza yonke imizamo ukuthola isixazululo kuleyo nkinga, okufaka phakathi ngisho ukuphakamisa ukuthi kushintshwe indlela yokwenziwa kwezinto.

UMvikeli woMphakathi angalubika udaba ephalamende, okuyilo elizodingida udaba bese liqikelela ukuthi iziphakamiso ezenziwe uMvikeli woMphakathi ziyalandelwa.

Isikhathi esiningi uphenyo lwenziwa ngendlela enganayo imigudu emileyo, kodwa-ke noma kunjalo uMvikeli woMphakathi angababiza abantu ngamasamanisi ukuthi bazokwethula ubufakazi obufungelwe uma kunesidingo.

Ngubani ongaphenywa umvikeli womphakathi?

- NguHulumeni kunoma yiliphi izinga, kungaba uHulumeni kazwelonke, owezifunda kanye noHulumeni basekhaya.
- Kungaba yinoma imuphi umuntu owenza umsebenzi womphakathi ngaphansi kukaHulumeni, lapha sibala noma ngubani owenza umsebenzi othinta bonke noma ingxenye ethize yabantu baseNingizimu neAfrika, isibonelo, umuntu osebenza kwababhekelele ezokhetho.
- Izinkampani ezizimele kodwa ezixhaswe kakhulu uHulumeni, isibonelo,SABC, Eskom, Telkom, nezinye.
- Iminyango esekwe ngumthetho esebenza ukucwaninga njenge:Human Sciences Research Council neCouncil for Scientific and Industrial Research

Yini ephenywa umvikeli womphakathi?

Ukuhlukumezeka okutholwa uMmangali, kulokhu sibala:

- Ukusebenzisa amandla onawo ngokwesikhundla ngendlela engekho emthethweni
- Ukwenzelela, nokwenza isenzo esingamukelekile
- Ukubambezeleka kwezidingo
- Izinqumo ezithathwe izikhulu
- Ukungenzi umsebenzi ngendlela efanele
- Ukungathembeki nokungasebenzisi ngendlela izimali zomphakathi.
- Ukuzinothisa ngokungekho emthethweni
- Ukwenzelelwa

Umuntu usifaka kanjani isikhalo kumvikeli womphakathi?

Ngaphambi kokuthi ufake isikhalo sakho kuMvikeli woMphakathi kufanele uzame ukusixazulula ngokwakho izibonelo:

- Ukukhuluma nabaphathi abathintekayo, uma ungasizakali
- Bhalela umuntu ophethe isikhulu leso, isibonelo, inhloko yomnyango, umqondisi omkhulu noma umphathi wakwaMasipala.
- Ungathintana nelungu lesishayamthetho likazwelonke okanye elesifundazwe

Incwadi yesikhalo sakho kufanele ibe nalokhu okulandelayo:

- Uhlobo lwesikhalo sakho
- Umsuka nomlando wesikhalo sakho
- Isizathu sokuthi kungani ubona ukuthi isikhalo sakho sifanelwe ukuphenywa uMvikeli womphakathi.
- Imizamo osuyenzile ukuxazulula inkinga. Kufanele usho amagama abantu abathintekayo, izinsuku enithintane ngazo, nokuthi kwathiwani. Amakhophi ezincwadi ebenibhalelana zona nawo kumele uwafake kulencwadi.
- Ikheli othola kulo izincwadi kanye nenombolo yocingo.

Ungazibhalela noma ungamucela omunye umuntu akubhalele isikhalo sakho. Ungawashayela ucingo amaHhovisi omvikeli woMpkhathi ufake isikhalo sakho bakhona abasebenzi abaqeqeshiwe abayoxoxisana nawe ocingweni.

Ungaziyela mathupha emahhovisi ethu atholakala kuzozonke izifundazwe eziyisi shiyagalolunye.

Isikhalo sakho kumele usilethe kumvikeli womphakathi ingakapheli iminyaka emibili yenzeka inkinga yakho. Izikhalo zingafakwa futhi emicimbini noma ezindaweni lapho izisebenzi zeHhovisi ziyaye zihambele khona. Lezindawo zihanjelwa kanye ngenyanga zihlelelwe ukuthi umphakathi onesikhalo uze uzoxoxisana nabasehhovisi, zitholakala kuzozonke izifundazwe.

Kungabe kukhona yini omunye umuntu oyozwa ngesikhalo sami?

Umvikeli woMphakathi nabasebenzi bakhe bayogcina igama lalowo ofake isikhalo liyimfihlo uma kunesidingo.

Kubiza malini ukuthola usizo kumvikeli womphakathi?

Akubizi mali , usizo lutholakala mahhala.

Yiziphi izinto ezingaphenywa umvikeli womphakathi?

- Izinqumo ezikhishwe amajaji nezimantshi okufaka phakathi ngisho nezigwebo abazikhiphile.
- Izenzo zabantu abazimele
- Izenzo zezinkampani ezizimele
- Abasebenzi abazimele abangasebenzeli uhulumeni njengodokotela nabammeli abazimele.

Noma kunjalo abasebenzi bomvikeli woMphakathi bangakusiza ngokuthi bakutshele ukuthi ungasifaka kuphi isikhalo sakho kumbe yini ongayenza ukuze usizakale.

Uma umvikeli womphakathi enganawo amandla okuphenya isikhalo sakho uzokuyalela umnyango ofanele.

Inombolo yomnxeba yamahala: 0800 11 20 40
www.publicprotector.org
Inombolo yomnxeba yamahala: 0800 11 20 40
www.publicprotector.org
Inombolo yomnxeba yamahala: 0800 11 20 40
www.publicprotector.org